I-Global Statelessness Movement iwumphakathi womhlaba wonke wabantu abangenabuzwe, izishoshovu, nezinhlangano ezihlangene ezizinikele ekuqedeni ukungabi nabuzwe, amalungelo obuzwe alinganayo, namalungelo abantu abangenabuzwe. Sinesiboniso ngomhlaba lapho amalungelo abantu jikelele - okuhlanganisa nelungelo lobuzwe - ehlonishwa futhi ephakanyiswe kubo bonke abantu. Sizimisele ukuphakamisa nokukhulisa amazwi abantu abangenabuzwe emazingeni omhlaba jikelele, esifunda, nakazwelonke ukuze sibe nomthelela kubenzi bezinqubomgomo, sifundise umphakathi wonkana, futhi sigqugquzele izinguquko zomhlaba.

Sisungule iqeqebana labantu abangu-23 elihlanganisa izishoshovu ezingenabuzwe kanye nama-NGO, ukuze siqhubekisele phambili le nhlangano futhi silungiselele ukwethulwa ngokusemthethweni ekupheleni konyaka. Sibheke ngabomvu ukwamukela abantu abangenabuzwe kanye nezinhlangano ezihlangene emhlabeni wonke ukuthi zibe yingxenye ye-movement yethu.

I-Movements Manifesto iphinde iveze ukuthi singobani, i-vision yethu, nokuthi sizosebenza kanjani ukuze sifeze i-vision yethu. Sicela uqaphele ukuthi sisebenzise igama elithi 'ubuzwe' kule manifesto, njengoba leli kuyigama elisetshenziswa ngaphansi komthetho wamazwe ngamazwe. I-Global Statelessness Movement izosebenzisa amagama athi 'ubuzwe' kanye 'nobuzwe' ngokushintshana[NLD1] .

**IMANIFESTO:**

Siwumphakathi womhlaba wonke wabantu abangenabuzwe, izishoshovu, izinhlangano kanye nabantu abambisene nathi ngokuzinikela ekuqedeni ukungabi nabuzwe, ukuzuzwa kwamalungelo obuzwe alinganayo, kanye nokufezekiswa kwamalungelo abo abantu bonke abangenabuzwe.

Siyabumbana ngoba izigidi zabantu zenqatshelwa ilungelo lazo lobuzwe futhi zibekezelela ukungabi nabuzwe. Kuyiplapho, amalungelo obuzwe abanye abaningi asengcupheni.

Siyabubona futhi sigomela ubuntu bethu esabelana ngabo kanye nesithunzi namalungelo alinganayo abo bonke abantu.

Sibeka labo abathintwe ngokuqondile ukungabi nobuzwe njengabaholi bombutho wethu, siqaphela ubuchwepheshe babo kanye nolwazi oluphilayo njengento ebalulekile kunjongo yethu.

Sizibophezele ekubuseni ngokulinganayo, obala, ukuzicabangela ngokuhlanganyela kanye nokuziphendulela komunye nomunye.

Sima ndawonye ngobumbano, sikhetha ukusebenzisana ngesibindi okubandakanya wonke umuntu ngokulingana, okuholela ngomusa, ukubekezela, nokuhloniphana.

Sifuna ukuxhumana ngezindlela ezifinyeleleka kuwo wonke umuntu.

Sikholelwa emandleni enguquko yomphakathi ukuze kufezeke umhlaba ongenalo ubandlululo, okuyimbangela ngqangi yokungabi nobuzwe. Siyabona ukuthi lokhu kudinga ukuthi labo abaphethe baphendule futhi balandele uguquko loluhleleka.

Sizimisele ukuphakamisa nokukhulisa amazwi abantu abangenabuzwe emazingeni omhlaba, esifunda kanye nakazwelonke, ukuze sibe nomthelela kubenzi bezinqubomgomo, sifundise umphakathi wonkana, futhi sigqugqquzele izinguquko zomhlaba.

Sihlose ukwakha uguquko olusha olunika amandla abantu abangenabuzwe, olukhuthaza ukuqonda okujulile kobuntu bethu sonke, kanye nesenzo esikhuthazayo sokusekela amalungelo obuzwe abo bonke abantu. Sakha futhi sikhuthaze ukuxhumana phakathi kwabantu nemiphakathi ethintwa ukungabi nabuzwe kanye nezimbambi zomphakathi, sakha indawo ephephile nenesibindi yezingxoxo, ukuxoxa izindaba, ukwabelana ngolwazi, kanye nemizamo yokulwela ngokubambisana.

Siyaziqaphela izimbangela ezijulile ezahlukahlukene kanye nemithelela yokungabi nabuzwe futhi siyavuma ukuthi impumelelo ye-movement yethu ixhumene ngokujulile nezinye izinhlangano zobulungiswa

bomphakathi. Sizibophezele ekusebenzeni ukuze sixhumane, sihlanganyele, futhi sibandakanye abameli abahlukahlukene bobulungiswa bezenhlalo kusukela emazingeni aphansi kuye kwamazwe ngamazwe.

Sibona ngeso lengqondo umhlaba lapho amalungelo abantu jikelele - okuhlanganisa nelungelo lobuzwe - ehlonishwa futhi ephakanyiswa kubo bonke abantu.

Siyaqiniseka ukuthi ukubhekana nezimbangela zokungabi nobuzwe kanye nokufeza umbono wethu ngomhlaba kuzozuzisa sonke isintu.